## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha lemibuzo lineziqephu **EZINTATHU**:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Izinkondlo | (30) |
| ISIQEPHU B: | Inoveli | (25) |
| ISIQEPHU C: | Umdlalo | (25) |

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A-Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B-Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C- Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe:

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE-Phendula imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE-UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.
   ISIQEPHU B: INOVELI
   Phendula umbuzo OWODWA.
   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).
   - Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli kanye neyomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukulekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO
   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini kanye nasemdlalweni maziphendulwe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi mabaphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

ISIQEPHU A: kungaba imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: kungaba imizuzu engama-55
ISIQEPHU C: kungaba imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

***AMAHLOKOHLOKO* – EJ Mhlanga, JJ Thwala**
***IZINKWAZI* – LPM Makhanya**

Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo **EMIBILI**.

| **INOMBOLO YOMBUZO** | **UMBUZO** | **AMAMAKI** | **INOMBOLO YEKHASI** |
|---|---|---|---|
| 1. Isililo | Umbuzo omude | 10 | 7–8 |
| | | | |
| 2. Sasingazange Simbone | Umbuzo omfushane | 10 | 8–9 |
| | | | |
| 3. Imvunge Yeminyezane | Umbuzo omfushane | 10 | 10–11 |
| | | | |
| 4. Inhlonipho | Umbuzo omfushane | 10 | 11–12 |
| **KANYE** | | | |
| Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo | | | |
| 5. Kungenxa Yami | Umbuzo omfushane | 10 | 12–13 |

**ISIQEPHU B: INOVELI**

Phendula umbuzo **OWODWA**.

| | | | |
|---|---|---|---|
| 6. Inoveli 1 *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omude | 25 | 14 |
| **NOMA** | | | |
| 7. Inoveli 1 *Bengithi Lizokuna* | Umbuzo omfushane | 25 | 14–15 |
| **NOMA** | | | |
| 8. Inoveli 2 *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omude | 25 | 16 |
| **NOMA** | | | |
| 9. Inoveli 2 *Usumenyezelwe-ke Umcebo* | Umbuzo omfushane | 25 | 16–17 |
| **NOMA** | | | |
| 10. Inoveli 3 *Kunjalo-ke* | Umbuzo omude | 25 | 17 |
| **NOMA** | | | |
| 11. Inoveli 3 *Kunjalo-ke* | Umbuzo omfushane | 25 | 18–19 |

| **ISIQEPHU C: UMDLALO**<br><br>Phendula umbuzo **OWODWA**.* | | | |
|---|---|---|---|
| 12. Umdlalo 1<br>*Kudela Owaziyo* | Umbuzo omude | 25 | 20 |
| **NOMA** | | | |
| 13. Umdlalo 1<br>*Kudela Owaziyo* | Umbuzo omfushane | 25 | 20–21 |
| **NOMA** | | | |
| 14. Umdlalo 2<br>*Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omude | 25 | 22 |
| **NOMA** | | | |
| 15. Umdlalo 2<br>*Awuwelwa UMngeni* | Umbuzo omfushane | 25 | 22–24 |

***QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, phendula umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. AWUVUMELEKILE ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

**Uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo.**

Abahlolwayo emva kokuphendula imibuzo yaleli phepha mabasebenzise uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo olulandelayo ukuze babe nesiqiniseko sokuthi bayikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke bayiphendule.

| ISIQEPHU | INOMBOLO YEMIBUZO | INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE | THIKA |
|---|---|---|---|
| A: Izinkondlo (Ezimiselwe) | 1–4 | 2 | |
| A: Inkondlo (Engamiselwe) | 5 | 1 | |
| B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 6–11 | 1 | |
| C: Umdlalo (Umbuzo omude NOMA omfushane) | 12–15 | 1 | |

**QAPHELA:** ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE.
Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

**Izinkondlo ezimiselwe:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo.

## UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Isililo – FY Ncube**

Ngizihambile izindawo ngezindawo
Ngafic ' abazali bekhihl'isililo
Bekhihl' esezimal'ezemuke namanzi.

Izingane zihambe iminyaka
Ziyothekela ulwazi olunzulu
Oluzoleth' intokozo ngomuso.

Liphumile lashona
Wagamanxa, waphel' unyaka,
Yalandela neminye.

Lugcine lufikil' olwamanqamu
Bagoduk' oNjabulo noNonjabulo
Bananela ngenkul' injabul' abazali
Bencoma bebonga benconcoza.

Ziphume zizinhl' izinsizwa nezintokazi
Ziphume zagcwal' izinkalo namathafa
Zihamba zithungath' imisebenzi;
Zigabe ngemfund' eziyijulukele.

Zonke ziphum' inqina kamabuyaze;
Izikhulu neziphathimandla ndawo zonke
Zikhuze zababaza umhlola
Zikhala ngezikhungo ezingaziwa
Ezikhiph' iziqu zomgunyathi.

Kusuke esinamathambo
Kuqhume isililo esikhulu
Sebeshay' utshan' omahamba nendlwana
Sebeyobhubhisa phambili.

Zikhulu zemfundo sukumani,
Vulan' amehlo kuliwe nale mpi
Nas' isizwe sifa siphela
Naz' izimali zabazali zicwila,
Naz' izingane zabantu zijulukel' ubala!

Phawula ngokuphumelela kwembongi ekwethuleni umqondo oqukethwe yile nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

Impendulo yakho mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makuchazwe umqondo wenkondlo.
- Makuchazwe ukuphumelela kwembongi ekwethuleni umqondo oqukethwe yile nkondlo ngokuphawula nokucaphuna enkondlweni.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yembongi ekwethuleni umqondo oqukethwe yile nkondlo. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Sasingazange Simbone – SZB Muthwa**

Nguye-ke lona,
Esasimuzwa ngendaba,
Sifunda ngay' emaphepheni,
Singakholwa noma sebesho,
Selokhu sazalwa sakhul' siyalwa.
Ulw' eyokuthula neyokulingana.

Sasizitshela sizikhohlisa,
Ukuthi uyoth' angaphuma
Asifumbathis' umbayimbayi
Asigxish' inzondo negqubu,
Ngob' egqunyiwe wagqilazwa.
Cha, akubanga njalo.

Wasinik' udondolo sadondolozela,
Injobo wayithungel' ebandla.
Wasixhawulis' ukukhanya,
Waselul' imizimba,
Eyabe iwugogo uvalo
Ngokudans' iMadiba *Jive*.

Sakuzwa lokho kwesasa.
Wadum' uhlezi ungeyen' okaMenzi.
Wathandwa umhlaba wonke,
Wathanda umhlaba wonkana,
Ngoba uleth' ukuthula,
Ngoba uleth' intethelelo.

Waphuma wafana nenyanga,
Inyang' exosh' ubumnyama,
Yavuleka gengelez' iminyango
<u>Kwaqhibuk</u>' iBafana Bafana,
Kwaqhakaz' aMabhokobhoko,
Sawela sayoligenda phesheya.
Okwayizolo kwab' okwayizolo,
Wasikhomb' emasangwen' emfundo,
Ezomzabalazo zaphenduk' amakhuba,
Ngoba ebumb' isizwe.

Ume njalo wena wakoMandela!
Ume njalo wena wakoMadiba!
Ume njalo nqaba ye-Afrika!
Ethe inganqoba yadl' umhlanganiso,
Yawelela pheshey' iyobaqaqela khona,
Angeke silibale ngeCodesa,
Angeke silibal' umjayivo wakho,
Othi ungawudansa,
Kugid' inhliziyo,
Kwenanele nawokhokho,
Bebon' abangazange bakubone.

Kwakungenganeko,
Babengahubhuzi akaBhejane,
Uma besizekela ngawe,
Nesizukulwan' esizayo,
Siyokuzwa ngawe
Siyokuthanda futhi,
Uyohlal' ungowomhlaba Madiba.

2.1 Nika isizathu ESISODWA esabangela ukuba uMandela alwe nobandlululo? Bhekisa impendulo yakho ebinzeni loku-1. (1)

2.2 Chaza kafushane ubuye uhlaziye umoya wale nkondlo ngesikhathi uMadiba ephuma ejele. Bhekisa impendulo yakho emigqeni yama-35 kuya kweyama-45. (3)

2.3 Siyini isizathu sembongi sokukhetha igama elidwetshelwe emgqeni wama-28? (1)

2.4 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela wesimo sezombusazwe kuleli ukuba okaMandela akatshalanga uxolo nokubuyisana? Sekela impendulo yakho ngokuqonda kwakho isimo sezombusazwe kuleli ngaphambilini. (3)

2.5 Xoxa ngokuphumelela kwesu lembongi ekusebenziseni isimo sokukhuluma esiqukethwe umugqa we-15. (2)

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Imvunge Yeminyezane – JJ Thwala**

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' ezinkwazini zoMhlathuze,
Iqongel' ezintabeni zoNgoye,
Ingikhumbuz' amaqhawe namaqhawekazi
Adl' umhlanganiso kwaNgqondebanzi,
Evath' iminyezane yobuhlakani
Ahlahl' indlela yakwaLwazi
Ehanjwa ngokuzinikela zikhuthali.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Izwakal' osebeni loMngeni,
Naphakath' ezizibeni zoMngeni
Okubhukud' amaqhawe namaqhawekazi,
Evunul' izidlodlo zenhlonipho,
Avunul' ezegwalagwala zekhethelo,
Kwahlokom' umhlaba ngenhlokomo,
Kwenanel' imvelo ngemvunge.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ngavul' izindlebe zakhongozela
Unqambothi lobuzwilili baphakade,
Ngaqanul' amaqaphelo ngasinga
Izimangaliso zemikhiqizo yakwaNgqondebanzi:
Zihlinzek' ubuntu nobunye,
Zahlinzek'ubuqotho nesineke,
Zahlinzek' inhlonipho nenkuthalo.

Ngizw' imvunge yeminyezane,
Ingikhumbuz' ukuchwaza kwamahlokohloko,
Ingikhumbuz' ubungqungqulu bezingqungqulu,
Ingikhumbuz' ubuntengu bezintengu,
Ingikhumbuz' ubungududu bezingududu,
Ingikhumbuz' ubunkwazi bezinkwazi
Ingikhumbuz' ubuzwilili bemizwilili-
Yivungeni minyezane, yivungeni!

3.1 Gagula isibonelo semvumelwanosiqalo etholakala esitanzeni/ebinzeni loku-1. (1)

3.2 Fingqa ngamaphuzu abalulekile ubuye uhlaziye umqondo oqukethwe umugqa we-17 kuya kowama-24. (3)

3.3 Yini inhloso yembongi yokusebenzisa imigqa evalekile kusukela emgqeni wama-26 ukuya kowama-29? (1)

3.4 Ngabe ukusetshenziswa kwempindwa kunamthelela muni ekuqondeni kwakho le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

3.5 Phawula ngekhono lembongi lokusebenzisa isihlahla somnyezane ukugqamisa indikimba yemfundo kule nkondlo. (2)

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Inhlonipho – MK Hlongwane**

Laf' elihle kakhulu!
Laf' elikaPhunga noMageba!
Yashona ngaph' inhlonipho?
Yadliwa inja iyinyama yini?

Waqophisana nami kwagcin' elakho,
Wangibuka phansi wangibuka phezulu
Qede washingila wangishiya nginkemile.
Izeluleko zam' uzishay'indiva!

Wahamb' izindlela zobumnyama,
Wabuya ngesikabhadakazi,
Wadudana nabangan' ababi,
Ngakhuza kwanhlanga zimuka nomoya!

Ngakhuluma nawe wachiz' ukotshi,
Wangibuka wanginyonkoloza,
Ngihloniphe mntanami
Ukuze nawe uhlonishwe.

Waqophisana nothish' esikoleni
Waphikisana nendalo nokuphila kuyo,
Wab' ukhanda limtshel' okwakhe,
Konakelephi sizwe sakithi?

Wazinikel' otshwaleni,
Walala ngabo wavuka ngabo,
Okuya ngasethunjini do!
Ngihloniphe bo!

Ngakukhuza wangibiza ngoMadala,
Ngathi ngikubek' isandla ngaphenduk' isiboshwa,
Indlel' ibuzwa kwabaphambili mntanami!
Ngeliny' ilang' uyokhal' ezimathonsi,
Ngobe ngingasekho mntanami!

4.1 Gagula OKUKODWA okukhombisa ukuthi le ngane okukhulunywa ngayo kule nkondlo yayimbuka kabi uyise uma ekhuluma nayo. Bhekisa impendulo yakho esitanzeni/ebinzeni lesi-4. (1)

4.2 Nikeza umqondo oqukethwe impindamqondo emgqeni we-17 nowe-18. (3)

4.3 Yini inhloso yembongi ngokusebenzisa igama elidwetshelwe emgqeni wama-25? (1)

4.4 Ngabe ukusetshenziswa kwesisho esisemgqeni wama-28 kukwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho le nkondlo? (3)

4.5 Phawula ngokuhlolisisa umoya wenkondlo oqukethwe isitanza/ibinza loku-1. (2)
**[10]**

## KANYE

## INKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)

## UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Kungenxa Yami – PC Tembe**

Njengembali yomnduze
Ebikad' iqhakazile iyinhle,
Iheha izinyosi zikude,
Kuyo ngokuphangelana ziye
Zifike ziyimunce lonk' umpe,
Zihambe zingabonaze zibonge,
Ziyishiy' isimixhiliba nje,
Ubuhle bayo sebushabalaliswe yizo;
Ngifis' ukungathathi sibonelo kuzo,
Kuthi njengokungithwala
Kwakh' izinyang' eziyisishiyagalolunye
Kanjalo ngiguqe ngikukhonze
Nginamathele kuwe ngingakwejabhisi.
Njengoba ngakumunca wasal' usuyimixhilibana,
Ukubonga-ke makungabi ngomlomo kuphela,
Kepha makugqame ngezenzo,
Kuze wenam' umonyongeke,
Ube njengakuqala ngenhliziyo.

[Icashunwe encwadini ethi, UGQOZI – DBZ Ntuli]

5.1 Caphuna imigqa EMIBILI eyinjambamenti etholakala enkondlweni ekhombisa ukuthi lo muntu imbongi ekhuluma ngaye ungunina. (2)

5.2 Yisho okufanayo phakathi kwezenzo zezinyosi kanye nezembongi ngokwale nkondlo, ubhekise emgqeni wesi-5 nowe-14. (2)

5.3 Siyini isizathu esenza imbongi isebenzise ifanamsindo emgqeni wesi-6? (2)

5.4 Chaza imbangela yokusetshenziswa kwesifaniso emgqeni woku-1. (2)

5.5 Phawula ngokuhlolisisa ukusetshenziswa komugqa wesi- 7 kule nkondlo. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

### UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni udweshu ekuthuthukiseni indaba kule noveli ethi, *Bengithi Lizokuna*.
Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekusebenzise udweshu ekukhuliseni indaba. **[25]**

**NOMA**

### UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

***BENGITHI LIZOKUNA* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Ngicela ukuxolisa ngakho konke bandla. Ngicela ungixolele,' esho kudlekezela iphimbo manje.
'Kalula kanjalo nje?' kubuza uNomalanga ecabanga incwadi ende aphazamiseke esayibhalela uNgidi emtshela ukuthi ngeke ayimele le nto yena.

Wadonsa umoya kakhulu uNgidi, waphinde wasigqolozela isithandwa sakhe.
'Ngiyazi ukuthi indaba kaMhlengi isuke yangisanganisa, ngagcina sengikhohlwe ngumuntu obaluleke kangaka empilweni yami.'
'Ongamedluli nokho uMhlengi.'
'Akamedluli. Kabedlulani. Ngibathanda bobabili. Nginithanda nobabili ...' esho emwola emnkonkoshela. Wathamba bandla noNomalanga, wanamathelisa ikhanda esifubeni sikaNgidi.
'Ungihluphelani kodwa s'thandwa?' ebuza ngezinyembezi.
'Ngiyaxolisa s'thandwa sami. Ngiyakuthanda. Yikho-ke nje ukuthi uMhlengi ngumntanami, ngiyafuna ukuthi ngimthole, sibuyisane naye,' egajwa ngumunyu manje, ehluleka ukubamba izinyembezi ezavele zagobhoza ngomzuzwana, zaqathakela ezihlathini zikaNomalanga.

Wo, wadabuka manje uNomalanga, kwasika uma esesibona sidabukisa kanje isithandwa sakhe. Wasibamba ngesandla, wasidonsa wasihlalisa kusofa, naye wahlala eceleni kwaso, waphinde wancikisa ikhanda esifubeni saso.
'Ihamba kanjani pho indaba kaMhlengi?' ebuza ngeligcwele uzwela.

> 'Kuyethembisa. Sesimtholile uMhlengi,' ephakamisa ikhanda egqolozela uNomalanga.
> 'Senimtholile? Ukuphi?'
> 'Ukhonjwa eThekwini. Yilokho empeleni okungilethe lapha.'
> 'Okukulethe lapha?'
> 'Yebo, ngicela ungikhaphe silande indodana yethu.'
> 'Indodana yethu?' ebuza engakholwa.
> 'Yebo, indodana yethu. Sizoqala impilo entsha sobathathu, ndawonye. Ngicela ungelekelele bandla. Ngiyakudinga sithandwa sami,' esho embamba ngesandla, emsondeza kakhulu esifubeni.
>
> Babambana-ke ngezandla, baluxoxa udaba lukaMhlengi, uNgidi egcizelela khona ukuthi kakuzukuluphazamisa ngalutho uthando lwabo.
> 'Kuzolunga s'thandwa sami. Sizoshada. Sizobhekana nezinkinga sibambisene. Sizobhekana nezinjabulo zangomuso sibambisene. Ngizwa nginethemba s'thandwa sami, sengathi liyaphuma ilanga.'

7.1 Nika izizathu EZIMBILI ezidale ukuthi umlingiswa onguNgidi aye emzini kaNomalanga ngokwalesi siqeshana. (2)

7.2 Nikeza amaphuzu AMABILI ayezoba ngumphumela wokulunga kwezinto phakathi komlingiswa onguNgidi noNomalanga ngokwalesi siqeshana. (2)

7.3 Nikeza umehluko wobudlelwano umlingiswa onguNgidi ayenabo noNomalanga kanye noMhlengi. (2)

7.4 Fingqa ngamaphuzu abalulekile AMANE akhombisa izigameko ezaba imbangela yodweshu lwangaphandle phakathi kukaXolani noLungile. (4)

7.5 Isenzo sikaNomalanga sokubamba uNgidi ngesandla nokuncikisa ikhanda lakhe esifubeni sakhe simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

7.6 Ngabe ukusetshenziswa kolimi lwesiNgisi kule noveli kunamthelela muni ekuqondeni kwakho isizinda ngokwenkathi? (3)

7.7 Qhathanisa amandla othando lukaMahlengi oluvezwa nguNdumiso noXolani kule noveli. (3)

7.8 Ucabanga ukuthi ukuziguqula kukaMhlengi abe ngumuntu wesifazane osebizwa ngoMahlengi kuyakholeka? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kule noveli. (3)

7.9 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni isu lokujeqeza emuva ubhekise kumlingiswa onguNkulullelo kule noveli. (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO***

Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni udweshu ekuthuthukiseni indaba kule noveli ethi, *Usumenyezelwe-ke Umcebo*.
Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekusebenzise udweshu ekukhuliseni indaba. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Awungiyeke Miliyemu ngidle imali yomnakwethu.' Ephuza ubhiya. Wathwala amehlo uMirriam wathi, 'Ubani manje umnakwenu?'
' WuDayisi. Kungabuye kube wubani omunye?' ezama ukuqinisa amehlo.
'UDicey kanti akamlungu wami yini? Musa ukungihlolela wena!'
'Mina phela ngazi ukuthi amasoka aqabulayo,' enambuza. 'Uqabule wena phela, mina wathi angiqabule ingilazi.'
Wawehlisa umoya uMirriam wathi, 'Phela yimpucuko yakobelungu leyo. Uma ekuthakasela noma ekubongela, noma-ke nivalelisana uyakwanga. Ngalokho usuke ekuqabula isilungu, hhayi ngothando.'
'Angazi phela mina,' egonyuluka ubala. 'Ngiyaye ngikuzwe kuzifanela nje ukuqabula, kukho kukhala umncwa ofanayo. Angazi ukuthi uBhulendi uwubamba nini umjaho nami kengimqabule ngoBantu khisi.'
'Genye, awuqede utshwala lobo sihambe. Okunye siyokukhuluma ekhaya.'
'Ngilandele ushintshi esichakeni,' egebela emuva naphambili egonyuluka. Wasukuma uMirriam wayobalelwa, wabuya nawo. Wamfica uGenyeza emamatheka ebuka indoda emhlophe yezimanga eyase ibala ngeminwe qede inikine ikhanda. 'Yisigwili impela lesi esithi noma sesidakiwe singakhohlwa wukubala izimali. Nani kumbe niyozibala kanje kusasa. Bushaye mfo kantanzinga! Bushaye ubuthandazele basi!' eyibongela indoda ikhanda isiligebisela emuva naphambili ilwa nokukhumula uthayi ungaphumi.
'Genye, kodwa bazothini abanye obasi?'
'Awungiyeke wena ngibongele umfo kaPelepele. Bushaye ungabuyeki basi! Uyophinde ubutholephi ngoba ezulwini abulokothwa? Kudliwa amapentshisi namagilebhisi angavutshelwe, kuphuzwe umculo kuphela.'
'Ungalihleki inxeba lenye indoda ngoba maduze nje kungase kube ngawe.'
'Mina angiyena umafikizolo etshwaleni ohlanya ashaye amangqeshane,' endwaza egebisa nekhanda.

'Hhayi bakithi, wukuhlupheka kodwa lokhu,' uMirriam esukuma egaxa isikhwama qede emethwesa isigqoko uGenyeza, emnika nomshiza. Bahamba embambile uGenyeza owasebambelela ngezihlalo.

9.1 Nika igama lomlingiswa uGenyeza ayembiza ngomnawabo nesizathu salokho. (2)

9.2 Nikeza izizathu EZIMBILI ezabekwa uMirriam eziyinkomba yempucuko yakobelungu mayelana nokuqabulana. (2)

9.3 Nikeza okungumehluko wezinto ezazenziwa uGenyeza nendoda emhlophe ayehleli eduze kwayo kule ndawo ababekuyo ngokwalesi siqeshana. (2)

9.4 Fingqa ngamaphuzu abalulekile AMANE akhombisa izigameko ezaba imbangela yodweshu lwangaphandle phakathi kukaChule noMirriam. (4)

9.5 Isenzo sikaMirriam sokuqhubeka abize abelungu ngobasi yize eseyisigwili simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

9.6 Ngabe ukusetshenziswa kolimi oluyi-'Fanakalo' ngabaqashi abamhlophe baseThusini kunamthelela muni ekuqondeni kwakho isizinda ngokwenkathi kule noveli? (3)

9.7 Qhathanisa amandla othando lukaMirriam oluvezwa nguGenyeza noChule kule noveli. (3)

9.8 Ucabanga ukuthi izigameko ezazenzeka eThusini ziyakholeka? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kule noveli. (3)

9.9 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni isu lokujeqeza emuva ubhekise kumlingiswa onguDaffo kule noveli. (3)
**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**

***KUNJALO-KE* – ME Wanda**

Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni udweshu ekuthuthukiseni indaba kule noveli ethi, *Kunjalo-ke*. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza udweshu nezinhlobo zalo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekusebenzise udweshu ekukhuliseni indaba. **[25]**

**NOMA**

## UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

## *KUNJALO-KE* – ME Wanda

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

'Kuzofanela sibonisane kahle ngezibizo kanye nelobolo MaNdovela. Mina ngendodakazi yami ngifuna ihhashi nesihlalo salo kanye nemvubu. Ngifuna futhi bangithengele imbilijisi kanye namagomazi. Izinkomo ngiyofuna zibe yisikhombisa zoboya, bese beleka ngeshumi lezimbuzi kanye nesikhwehlela. Emveni kwalokho-ke sengingamshadisa umkhwenyana.'

'Yise kaDumazile, mina bengibona ngenye indlela. Kunganjani sivele sibize isizumbulu semali esihlanganisa lonke ilobolo?'

'Ukushiso yini lokho MaNdovela?'

'Ukucucuza ilobolo kuchitha isikhathi futhi kubambezela umkhwenyana elokhu eqoqa lokhu nalokhuya. Okunye-ke futhi kugcina sekuvele namahlazo nje.'

'Amahlazo anjani MaNdovela?'

'Amahlazo phela yise kaDumazile anjengokuthi nje umkhwenyana aveze ukuthi ngeke ayikhokhe inkomo kamama ngoba kuwukuthi nokuthi nokuthi. Uyayibona nje leyo nto yise kaDumazile.'

'Kuyezwakala khona uma sewubeka. Bewufuna sibize malini-ke ngokwakho?'

'Mina bengibona ukuthi akufanele ukuba simbize kakhulu umkhwenyana ngoba indodakazi yethu ayisaphelele. Futhi eqinisweni umuntu akathengwa yise kaDumazile, kusuke kwakhiwa ubuhlobo nje. Asikho-ke isidingo sokuba umuntu umumbe eqolo. Uma uhlupheka, hlala nje nokuhlupheka kwakho. Ungacabangi ukuthi ukugana kwendodakazi yakho sekusho ukubamba umjaho wamahhashi kuwena.'

'Angazi noma uwuzwe kahle yini umbuzo wami? Ngithe bewufuna simbize malini umkhwenyana?'

'Angazi phela yise kaDumazile, nquma wena njengendoda.'

'Ngakube simbize kakhulu uma sithi akakhokhe izinkulungwane ezinti?' esho emisa impama yonke. Athi ukuthula kancane uMaNdovela, bese ethi:

'Sengathi ilungile yise kaDumazile. Inkosi, ilungile. Kanti yena usengamane afune ukuphiwa umfazi nje?' UMaNdovela waphendukela ngakuDumazile, wathatha wathi:

'Utshele umfokazi lowo ukuthi imali iyaphathwa lapha, akudlalwa. Uma engenayo, angezi kwakuza nje.' Bahleke bobabili. UDumazile wasukuma, wavalelisa, waphuma esephikelele eMlazi.

11.1 Nika izizathu EZIMBILI ezabekwa uMaNdovela mayelana nokubiza isizumbulu semali esihlanganisa lonke ilobolo likaDumazile. (2)

11.2 Nikeza izizathu ezabangela ukuba uMtalaselwa angabizwa imali yelobolo eningi ngabakwaKheswa ngokwalesi siqeshana. (2)

11.3 Nikeza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa, uMoloi noSithole, okwenza ukuba bagcine sebethandana noDumazile. (2)

11.4 Fingqa ngamaphuzu abalulekile AMANE akhombisa izigameko ezaba imbangela yodweshu lwangaphandle phakathi kukaDumazile nomyeni wakhe uMtalaselwa. (4)

11.5 Inkulumompendulwano phakathi kukaMisi Hlophe noDumazile ngokuthandana kwakhe nothisha uMoloi iveza uMisi Hlophe njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

11.6 Ucabanga ukuthi kwakuyoba namphumela muni empilweni kaDumazile ukuba uMaNdovela wavumelana noKheswa ukuthi ayofunda eMzamo eXobho? (3)

11.7 Qhathanisa amandla othando lukaDumazile oluvezwa nguMoloi noMtalaselwa kule noveli. (3)

11.8 Ucabanga ukuthi izigameko ezazenzeka esikoleni iZenzele High School ziyakholeka? Sekela impendulo ngokwenzeka kule noveli. (3)

11.9 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni isu lokujeqeza emuva ubhekise kumlingiswa onguKheswa kule noveli. (3)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

## ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Phawula ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo (umumo) somdlalo othi, *Kudela Owaziyo*, ngaphansi kwalezi zihlokwana isethulo, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba kanye nesiphetho.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali,ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi kusetshenziswa izihlokwana ezinikeziwe.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo sendaba. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***KUDELA OWAZIYO* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| CHIVENGA: | (*uzinika ubunzima nxashane ekhuluma, wenziwa yizinhlungu*) Khona akusefani mntakwethu. Amaphilisi kanye nemijovo engihlangatshezwe ngakho ngisanda kufika, kuwenzile umehluko. Yona ibingishayile le nja enguMemela kodwa-ke sekuyoba ngozimakhaza. Ngicabanga ukuthi kungekudala nje ngizobe sengilukhahlela lolu khukho lokufa maqedane ngivuke ngizicoshe … |
| HLENGIWE: | (*ngezwi lokujabha)* Akubenjalo ngempela sithandwa senhliziyo yami. Phela nempilo sengiyizwa inesizungu ngempela sithandwa lapha phandle ngaphandle kwakho, ngakho- ke sengathi iNkosi ingasheshe yenze umusa ithobe lawo manxeba iphinde ibohlise leyo minjunju ebangelwa ukugoklozeka khathi isitha sisina sizibethela kuwe. |
| CHIVENGA: | *(uzinika ubunzima nxashane ekhuluma, wenziwa yizinhlungu)* Hhayi asisale sesiyedlulisa leyo ... (*kuthuleke)* Zithini ezisematheni ofika nazo uma kuya ngoba zikhona? |
| HLENGIWE: | *(athinte kancane isikhwehlela bese ethi …)* Angazi noma ubusuzizwile yini lezi ezithi umlisa mumbe owaziwa ngokuthi nguHeshane Mnqayi obeyisikhulu esiphezulu ehhovisi loMnyango wezaseKhaya esebenzela kwaDukuza usamisiwe emsebenzini kuze kuphothulwe uphenyo olushisa phansi ngalo mkhonyovu ovundululwe kuye kulandela izinsolo zokugwazisa izifiki kuleli ngenhloso yokuba zithenge ubuzwe bakuleli … *(aphazamiseke)* |

| | |
|---|---|
| CHIVENGA: | *(wethukile, useqwebule amehlo)* Hawu! Yehheni webantu! Yini kodwa lena engiyizwayo madoda? |
| HLENGIWE: | Kuthiwa-ke lo mkhonyovu uvele emveni kwezikhalo eziqhamuke kwizakhamizi zakuleli ikakhulukazi okungabantu besifazane lapho kuye kubuye amapasi abo esekhomba ukuthi bashadile kuleso sibongo esisuke sesivela kulelo nalelo pasi labo, nokuye kuthi uma sebebuzwa ngalokho kumbe bebika ngakho balandule kulanduleke ukuthi bashadile kumbe-ke ukuthi bukhona ubudlelwane nolwazi abanalo yini ngomaqondana babo balezo zibongo ezintsha ezisuke sezivela emapasini abo. Ezibikwa ngabemisakazo nabamathelevishini zithi lolu phenyo lusezandleni zabaseshi bophiko lofezela. |
| CHIVENGA: | *(wethukile, useqwebule amehlo)* Wohhe! Angena amanzi endlini. Safa olwembiza-ke thina makwerekwere ansondo. |

13.1 Gagula imithombo yabezindaba EMIBILI uHlengiwe athi iyona ebike ngophenyo lomkhonyovu okukhulunywa ngawo kulesi siqeshana. (2)

13.2 Nikeza isizathu esenza ukuba umlingiswa oyimbangi ethuke ngokwalesi siqeshana. (2)

13.3 Xoxa ngolwazi olutholakala ngokukhula nokwenzeka kwezinto mayelana nodaba lwepasi likaHlengiwe. (2)

13.4 Yisho okufanayo ngokuvezwa kwalaba balingiswa uZayeka kanye noZenyezile kulo mdlalo. (2)

13.5 Nikeza kafushane isithombe sesigameko sokuxoshwa kwezingane zikaMdaluli ekhaya ngemuva kokuphuma kwakhe ejele. (2)

13.6 Siyini isizathu sombhali sokuqamba unkosikazi kaMdaluli ngokuthi nguMaMlanduli? (3)

13.7 Ngabe isisho esidwetshelwe enkulumeni kaChivenga sinamthelela muni ekuqondeni kwakho isimo senhlalo izifiki ezazizobhekana naso kuleli laseNingizimu Afrika? (3)

13.8 Ucabanga ukuthi kwakuyoba namphumela muni ukuba umlingiswa onguLondiwe akagxambukelanga ezigamekweni zodlame lwasekhaya ezazibhekiswe kunina uMaMlanduli? (4)

13.9 Xoxa ngokuphumelela kombhali mayelana nokusetshenziswa kwezigameko ezifihlelwe umlingiswa onguChivenga nguMdaluli kulo mdlalo. (5)

**[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Phawula ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo (umumo) somdlalo othi, *Awuwelwa UMngeni*, ngaphansi kwalezi zihlokwana isethulo, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba kanye nesiphetho.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza isakhiwo.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali,ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi kusetshenziswa izihlokwana ezinikeziwe.
- Ukuveza uvo lwakho ngempumelelo yombhali ekubumbeni isakhiwo sendaba. **[25]**

**NOMA**

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)**

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| ZITHULELE: | Bayakhalaza futhi onkosana laba ngokuhlushwa abantu bakho bebebela imfuyo yabo kanye nezilimo zabo emasimini. |
| SALIMANI: | UHulumeni wakho uthi abelungu bathini? Wena uthini? Yena uthini? |
| ZITHULELE: | UHulumeni uthi umngcele wezwe lakho kusukela ekuqaleni kwenyanga ezayo, okusho ukuthi kusasa mhla lulunye kuMashi, akusezukuba yiwona umfula uMngeni, kodwa sekuzoba ngumfula uMkhabela. (*Wagqolozela uSalimani. Waqongqotha inqawe yakhe.)* |
| SALIMANI: | Sekungelami manje? Kuke kwenzeka lokho ngingafa nokufa! |
| ZITHULELE: | Uyofa phela. Nakhu kuzokwenzeka. |
| SALIMANI: | Amanzi oMngeni ayophenduka igazi abelungu bamapulazi beke bawuwela uMngeni! |
| ZITHULELE: | (*acoshe inqawe esitsheni somlotha kagwayi ayiqongqothe futhi bese eyigxisha ugwayi ngesithupha*.) Uzobulala abelungu? |
| SALIMANI: | Abazobulawa yimi. Njengoba kwakunjalo, ngaseNyakatho owami umngcele yintaba iPhasiwe. Lisuka lapho-ke lehle ngeziNyoluka neMpolweni libheke eMngeni.<br>Libheka ngaseNtshonalanga liwuwele uMngeni linqume phansi koMkhambathi libuyele futhi eMngeni lihlukane nelakwaNyavu bese lihlukana nelakwaNdabakujwayele. |

| | |
|---|---|
| ZITHULELE: | (*aphisele inqawe emlonyeni, ayokhele afuquze.*) Kahle-ke (A*bhekise amehlo ebalazweni elisodongweni eceleni kwakhe.)* Awusufaka ngakuwe nelenye inkosi nje? |
| SALIMANI: | Ngibala imingcele yendabuko. Nanxa leliya laseMbambangalo ngaphucwa lona nguHulumeni ngingasalilwelanga nje ngisalithatha njengezwe lami uma ngibuzwa kanjena. |
| ZITHULELE: | (*ebuyisa amehlo*) Awukwazi phela ukulibala ngakuwena leliya eliphesheya koMngeni ngoba selaphuma esandleni sakho ngokomthetho kaHulumeni laphathwa ngenye inkosi. (*Ephinda ethi nhla ebalazweni ebuye ewabuyisela kuSalimani amehlo*.) |
| SALIMANI: | NgaseNingizimu-ke sehlukaniswa uMhudwana nabakwa-Ndabakujwayele kanti ngaseMpumalanga lenyuka ngoMqeku njalo lishiya amaPhephethe naMalanga ngaphesheya. Lize-ke liyothi ngqu eNhlambamasoka. Ligudla uNobayeni njalo lize liyothi ngqu oZwathini bese libheka koKhamanzi bese-ke liyoma ngePhasiwe. |
| MBONGOLO<br>NOMEHLO<br>MPHILIPHILI | (banqekuzise amakhanda bayavuma.) |
| ZITHULELE: | Usayazi nokho imingcele yakho. Nokho kodwa ubala uhlanganise nezindawo uHulumeni asakwephuca zona wazinika abalimi babelungu. |
| SALIMANI: | Lisho uliphinde elokuthi ngephucwa. (*Enyipha)* |

15.1 Gagula izinto EZIMBILI ezazenziwa uZithulele ngenkathi ekhuluma nenkosi uSalimani ngokwemiyalezo yokwenzeka enkundleni yokudlalela kulesi siqeshana. (2)

15.2 Yisho igama lomlingiswa ongummeleli kanye nenkinga abhekene nayo kulesi siqeshana. (2)

15.3 Xoxa ngesigameko esikhombisa ubuhlakani benkosi uSalimani ngokwalesi siqeshana. (2)

15.4 Yisho okufanayo phakathi kobufakazi obethulwa enkantolo yaseMshwathi nesinqumo sejaji enkantolo yaseMgungundlovu mayelana nempi yakwaVimbingwenya. (2)

15.5 Nikeza isithombe sesimo sokwenzeka kwezinto emzini kaMcondo ngemuva kokubuya kwamabutho embizweni yokuchazelwa ngodaba lwemingcele uSomtsewu eyabe iseTsheni emzini wenkosi yamaNgwazi. (2)

15.6 Isenzo sikaZithulele sokuba asebenzise amazwi athi, 'UHulumeni uthi ...' uma ekhuluma nenkosi yamaNgwazi simveza njengomlingiswa onjani? (3)

15.7 Ngabe amazwi adwetshelwe enkulumeni yenkosi uSalimani anamthelela muni ekuqondeni kwakho lo mdlalo? (3)

15.8 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela wesenzo sikaHulumeni sokuklama kabusha imingcele ukuba umlingiswa oyinkosi uSalimani akazange alwisane nakho? (4)

15.9 Xoxa ngokuphumelela kombhali mayelana nokusetshenziswa kwezigameko ezifihlelwe umlingiswa onguSalimani nguMphiliphili kulo mdlalo. (5)
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 25**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**